## UHLU LWEZIKHALAZO OLUQONDISWE EPHALAMENDE

ISigaba 56 (d) kanye no-69 (d) soMthethosisekelo sinekeza Isishayamthetho Sikazwelonke kanye noMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe *igunya lokwamukela uhlu lwezikhalazo, izethulo noma izincwadi zokukhalaza eziqhamuka ebantwini abanentshisekelo noma ezikhungweni ezinentshisekelo.*

Ukubamba iqhaza ekwakhiweni kwemithetho ngabantu, ekuhlolweni wemisebenzi yePhalamende kanye eminye imisebenzi kuyinto ebaluleke kakhulu ehlinzekwa yintandoyeningi yethu. IPhalamende lenze izindlela eziningi okuthuthukiswa kokuzibandakanya komphakathi emisebenzini yesikhungo. Enye indlela umphakathi ongasebenzisa ngayo ilungelo lawo lokubamba iqhaza ePhalamende ukufaka isiphakamiso.

Izindlela zokubhekana nohlu lwezikhalazo zibhalwe kwimithetho yeSishayamthetho Sikazwelonke kanye nakuleyo yoMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe.

## LUYINI UHLU LWEZIKHALAZO?

Uhlu lwezikhalazo yisicelo esisemthethweni sokucela ukuthi iPhalamende lingenelele kokuthile. Singaba yisicelo sokusizwa kokuthile noma isicelo sokuthi kuxazululwe okukhalazwa ngakho.

## IZINHLOBO ZOHLU LWEZIKHALAZO

Ngokujwayelekile kunezinhlobo ezimbili Zohlu lwezikhalazo, lolo olwaziwa njengohlu lwezikhalazo olukhethekile kanye nohlu lwezikhalazo lomphakathi noma uhlu lwezikhalazo olujwayelekile. Uhlu lwezikhalazo okulukhethekile yilapho umuntu enza khona isicelo esithile noma ecela kuMbuso ukutakulwa ngezimali kodwa lokho kube kungagunyazwanga ngumthetho, okufana nokuthola impesheni. Uhlu lwezikhalazo zomphakathi yilapho iqembu lomphakathi elinezihloso ezifanayo licela ukutakulwa jikelele noma ukuthi kuxazululwe okuthile okukhalazwa ngakho.

## UKWETHULWA KOHLU LWEZIKHALAZO

NgokoMthethosisekelo, *"Wonke umuntu unelungelo lokukhalaza ngokuthula engahlomile, lokuhlangana, lokubhikisha, lokuzwakalisa ukungenami ngokuthile kanye nelokwethula uhlu lwezikhalazo."* Nakuba kunjalo, kunenqubo ethile ekufanele ilandelwe ngabantu kanye/noma ngamaqembu uma eletha izikhalazo zawo ePhalamende.

Ukwethulwa kohlu lwezikhalazo kulawulwa yimithetho yePhalamende.

ISishayamthetho Sikazwelonke sifuna ukuthi uhlu lwezikhalazo lwethulwe ngokusemthethweni yiLungu LePhalamende kuphela ukuze lucutshungulwe. Ngakho-ke uhlu lwezikhalazo kufanele lwesekwe yiLungu LePhalamende. Uvumelekile ukuthi ubonane nanoma yiliphi iLungu LePhalamende ngokuthi uxhumane nalo noma ngokuthi uhambele Ihhovisi lamaLungu eliseduze nawe ukuze uyocela usizo lokuthi bakwethulele uhlu lwezikhalazo.

UMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe (NCOP), awudingi ukuthi uhlu lwezikhalazo luxhaswe yiLungu LePhalamende. Kodwa-ke, uhlu lwezikhalazo olwethulelwe i-NCOP kufanele lubhalwe ngendlela uSihlalo we-NCOP alufuna ngayo. Imithetho ye-NCOP ayihlukanisi phakathi kohlu lwezikhalazo olukhethekile kanye nalolo olwejwayelekile.

## LUBHALWA KANJANI UHLU LWEZIKHALAZO

Uhlu lwezikhalazo kufanele luhambisane nalokhu okudingekayo okulandelayo:

- Lubhalwe ngendlela efunwa nguSomlomo weSishayamthetho Sikazwelonke (NA) noma nguSihlalo woMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe (NCOP);
- Lufake igama/amagama kanye nemininingwane yokuxhumana yoletha/abaletha uhlu lwezikhalazo;
- Lucacise ngokusobala ukuthi luqondiswe kubani (ukuthi uhlu lwezikhalazo luya kubani);
- Lucacise ngokusobala uhlobo lwesicelo esenziwayo (umongo wohlu lwezikhalazo);
- Lube nezizathu ezizwakalayo zesidingo sohlu lwezikhalazo;
- Uhlu lwezikhalazo kufanele lubhalwe ngolunye lwezilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika;
- Lusayindwe yilowo/yilabo abakhalazayo uqobo (ngaphandle uma uSomlomo noma uSihlalo enquma ngenye indlela);
- Lungabi nolimi olulumelayo noluhlambalazayo; futhi
- Kufanele luchaze inhlobo yosizo olucelwa ePhalamende.

## LUFAKWA KANJANI UHLU LWEZIKHALAZO EPHALAMENDE

Kungumqondo omuhle ukuthi ukhulume neLungu LePhalamende kuqala ngaphambi kokuthi ufake uhlu lwakho lwezikhalazo ukuze likwazi ukukusiza ngendlela olubhalwa ngayo kanye nangokuqukethwe wuhlu lwakho lwezikhalazo.

Uma kukhona imibhalo efakazela udaba ekukhalazwa ngalo ngokhalazayo/abakhalazayo yifake kuhlu lwezikhalazo.

Uhlu lwakho lwezikhalazo luzokwethulelwa uNobhala wePhalamende ukuze alubuyekeze bese eqinisekisa ukuthi indlela olubhalwe ngayo ngefanelekile nokuthi lokho olukuqukethe kulungile yini ngaphambi kokuthi alunike uSomlomo weSishayamthetho Sikazwelonke noma uSihlalo woMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe.

Uma uhlu lwezikhalazo kuhambisana nakho konke okudingekayo, luzokwethulwa ePhalamende. Uma kuwuhlu lwezikhalazo olukhethekile, luzodluliselwa eKomidini Langasese Leziphakamiso Zezomthetho zaMalungu Nohlu lwezikhalazo Olukhethekile e-NA noma ludluliselwe eKomidini laseNCOP Lohlu lwezikhalazo neZiphakamiso Zezomthetho zaMalungu. Uma kuwuhlu lwezikhalazo olujwayelekile, luthunyelwa eKomidini elibhekene nesikhalazo/izikhalazo e-NA noma e-NCOP ezivezwe kulolo luhlu lwakho lwezikhalazo.

Indlela evumelekile yokubhala uhlu lwakho lwezikhalazo ungaluthola ku-The Clerk of Papers wasePhalamende. Uma ususibhalile isiphakamiso sakho, kufanele sifakwe ehhovisi lika-Clerk of Papers.

*Imibuzo eqondene neziphakamiso ungayibhekisa ku:*

*The Clerk of Papers*
*Inombolo yocingo:*

*(021) 403 - 2224/6 noma ku-*
*P.O. Box 15, Cape Town, 8000.*

*Bamba iqhaza ePhalamende. Yenza ukuthi izwi lakho lizwakale!*

*This pamphlet is available in all the official languages of South Africa.*

Produced by the Public Education Office • Parliamentary Communication Services • INSPIRED BY PEOPLE
www.parliament.gov.za • P.O. Box 15, Cape Town, 8000 • Telephone: (021) 403 3341 • Facsimile: (021) 403 3303
PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Zulu

# Petitions to Parliament

